

ASI99s d.o1_R

IVALIWE IZE IKHULUNYWE

~ INKULUMO EDILINI LIKAKHIZIMUZI LEZINKUBELE ZENDLUZULA,
-

ENKANIJINI YASEMANDLENI-MATLENG

NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU WAKWAZULU

" NONGUMENGAMELI WEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO : i
â\200\231 9
* \
o

-
NGOLWESIHLANU, 15 JANUWALI 1993 \zf/;%

BOZAKWETHU, IZIHAMBELI EZIMQOKA, AMALUNGU EQEMBU LENKATHA
YENKULULEKO AKHONA, BAFOWETHU NODADEWETHU.

SIYAPHINDA FUTHI SIBHEKANA NONYAKA WONKE OSASIBHEKANE.
KUBANTU ABANINGI LOKHU KUNGABA YISIKHATHI SOMFUTHO OMUSHA
NOKUZINIKELA NJENGOBA SIQHUBA IMISEBENZI YETHU EMISHA
SIBHEKANA FUTHI NEZINSELELO ZETHU EZINTSHA. KEPHA NGESHA
KAKUBO BONKE ABANTU ABAKWAZI UKUHLANGANYELA
KULENTSHISEKELO. INDLUZULA ISIDLAVUZE IMIPHAKATHI YETHU
YAYICEKELA PHANSI. KUKHONA LABO PHAKATHI KWETHU

ASEBELAHLEKELWE YITHEMBA LOKUVUSELELA ISIMO ESIHLELEKILEYO

EZIMPILWENI ZABO.

NGANQUMA NGONYAKA ODLULE UKUBA SIBE NALOMCIMBI NGOBA
SEKUNEMINYAKA EMBALWA NGIFISA UKUBA SIBENAWO KEPHA .LOKHO
KUNGENZEKI NGENXA YOKUCINDEZELEKA OKUKHULU-ENGINAKHO

EMSEBENZINI WAMI.

Â¢ BENGIVELE NGIKWAZI UKUTHI SINAMALUNGU ETHU EQEMBU-LENKATHA

- YENKULULEKO>NEZINYE 1ZAKHAMIZI ZAKWAZULU_EZITHUTHE

EMAKHAYA NASEZINDAWENI ZAZO ZIXOSHOWA ~YINDLUZULA
QR pa
ZABALEKELA LAPHA/\UKUZOFUMANA INDAWO YOKUKHOSELA.

" 2
) m\w\;;v M
/\,"gâ\200\231ENGIFUNA UKUKUSHO KINI NJENGABANTU BAKITHI UKUTHI NGIDLULA
EMINJUNJWINI EMIKHULU YOBUHLUNGU NGENXA YALOKHO OKWENZIWE
KINI. BONKE OZAKWETHU KANYE NAMI SIYAZI UKUTHI ABANYE BENU

BALAHLEKELWE NGABATHANDEKAYO-BABO, ABAYENI rBABO)

" . AMAKHOSIKAZI OBABA} OMAMA;)A\BAFOWABO NODADEWABO ,â\200\224

)

e . KULENDLUZULA EBIQONDISWE KINI NGOBA NJE NINGAMALUNGU
hEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO. NGIFUNA UKUKUSHO UKUTHI
IZINHLIZIYO ZETHU ZOPHA IGAZI KANYE NANI)NGENXA YALOKHU
KULAHLEKELWA KWENU KULENDLUZULA ENGENABUCHOPHO ~â\200\224â\200\224

ESIQHUBEKE YONKE LEMINYAKA EYISIKHOMBISA EDLULE NESAQHUBEKA â\200\2301/â\200\2300

ZONKE IZINSUKU NGISHO NANAMHLANJE NGAPHANDLE KOKUHLEHLA.
Aâ\200\230Q(:UME UKUBA SIWENZE LOMCIMBI UKUZE NGININIKEZE ISIQINISEKO

SOKUTHI KAKUKHONA UKUTHI KASIKWAZI UKULAHLEKELWA KWENU
â\200\234OKUYISHWADNOKUBA NGININIKEZE ISIQINISEKO SOKUTHI UKUBA
-SASINGELONA IQEMBU ELIMPOFU NGALENDLELA SASITYOKWENZA YONKE
INTO UKUI\?ILEKELELA. KEPHA NGINEQINISO LOKUTHI NIYAKUQONDA
UKUTHI KUWO WOMABILI AMAZINGA, ELEQEMBU LENKATHA
YENKULULEKO KANYE NAKWELIKAHULUMENI WAKWAZULU, UKUTHI

- . KAKUKHO LUTHO OLUNGAKAZANYWA NGENHLOSO YOKUIâ\200\230%â\200\231LEKELELA.

4 â\200\234 SIYAZâ\200\230/EJKUTHI LEYOMIZAMO KAYENELE, NOKUTHI KAYIFINYELELI

NDAWO EKWENELISENI IZIDINGO ZENU, KEPHA NGICELA UKUBA

NIQINISEKE UKUTHI IMELE KONKE ESINOKUKWENZA ESIMENI ESIKUSO.

4â\200\230/NGIYAZI, NOKHO, UKUTHI KULABO ABANGASENAMAKHAYA

NABALAHLEKELWE YIYO YONKE IMPAHLA YABO, KULABO
ABALAHLEKELWE YIZIHLOBO ZABO NABATHANDEKAYO BABO, KUNZIMA
KAKHULU UKUBHEKA PHAMBILI ESIKHATHINI ESIZAYO NGETHEMBA
NOKUTHOKOMALA. NGIYETHEMBA UKUTHI UMYALEZO WAMI
NAMHLANIJE UZONINIKELA ITHUBA LOKUSIBHEKA KANGCONO ISIMO
NGOBA NGIKHOLWA YIKUTHI NXA KUKHONA INDLELA ENGCONO
YOKUQONDA USIZI LWENU LOKHO KUZONIHLOMISA KANGCONO UKUBA
NIBUYISELE ISIMO ESIHLELEKILEYO EZIMPILWENI ZENU NOKUBA

)

NIBHEKANE NEKUSASA NGETHEMBA ELIKHULU NAMANDLA AMAKHULU.

-

"

+ / ISISEKELO SOKUGQUBUZANA SALENDLUZULA EKHONA ENINGIZIMU NE-
/ \
AFRIKA SISUKELA EMUVA EMINYAKENI YOBANDLULULO , LAPHO

BEKUKHONXSZMO ZOKUNGALINGANI EBEZIDALEKA EMPHAKATHINI
WASENINGIZIMU NE-AFRIKA. UKUNGALINGANI KWEZOMBUSAZWE
NOKUNTULEKA KOBULUNGISWA, UKUNGALINGANI ENHLALWENI
YOMPHAKATHI NAKWEZOMNOTHO , UVALO LWAMADLANZANA,

NOKUNGETHEMBANI KONKE BEKUYING{ENYE YOMSUKA
N\

WALENDLUZULA EKHONA/ UKUSETSHENIFSWA KWENDLUZULA

UKUPHOQELELA IMIGOMO YOBANDLULULO YIKHO OBESE KUPHENDUKE

INGXENYE YENDLELA UMBUSO OSEBENZA NGAYO EMASHUMINI

NGAMASHUMI EMINYAKA.

KEPHA ININGIZIMU NE-AFRIKA ISILUSHIYA EMUVA UBANDLULULO.
NGOFEBHUWALI 1990, KWAQOPHEKA UKWAHLUKANA KWEZINDLELA

- EMBUSAZWENI WASENINGIZIMU NE-AFRIKA, LAPHO KWABANEMIZAMO
EMIKHULU EYENZIWA NGUHULUMENI WASENINGINGI NE-AFRIKA
NGAPHANSI KOMENGAMELI F.W. DE KLERK YOKUQONDISA ISIMO
EMBUSAZWENI WALELIZWE NGOKUWUHLELA NGENDLELA YOKUBA
UQHELELANE NOKUGQOLOZELANA NGEZIGU ZAMEHLO PHAKATHI
KOQUQABA NOHULUMENI. KEPHA, NGESHWI ELIKHULU, UKUQALISA
KOMPHAKATHI OLANDELA ISIKHATHI SOBANDLULULO, KAKUBANGA

NAZO IZIMPAWU ZEZIMO EZIDALA ITHEMBA. ESIKHUNDLENI SALOKHO,

UKUDLAVUZeka kwezimiso zobandlululo nokudicilelwa phansi
kwemigomo yalo sekuholele ekukhuleni kokushuba-komoya
enhlalweni yomphakathi) nasekukhuleni hhayi ekuncipheni â\200\224

kwendluzula kulolonke izwe.

UKUBHIDLIKA kobandlululo obekuhambisana nokuholele
ezintweni eziningi ezenzeke kwezomnotho, inhlalo
yomphakathi nezombusazwe okuyizona ezinikeze isimo
kulendluzula ekhona; ukuthutheleka kwabantu
emadolobheni ngejubane elikhulu, ukukhula kokwehlukana

kwamazinga abantu, ukuncintisana obekuphakathi

KWEMIPHAKATHI EHLUKENEYO YASEMADOLOBHENI INCINTISANA
NGAMALUNGISELELO AYINDLALA, KANYE NOKUNCINTISANA

KWEZOMBUSAZWE PHAKATHI KWEMIKHAKHA YAMANDLA.

UKUKHULULWA KWEZOMNOTHO KAKUHAMBISANANGA NOKUFAKWA
KOQUQABA LWABANTU OHLELWENI LUKAZWELONKE LWENTANDO
YENINGI. UKUKHULULWA KWEZOMNOTHO NOKUQEDWA
KOBANDLULULO LWEZINHLANGA KWENZEKE KWAHAMBISANA
NOKWEHLA KWEZINGA LEZOMNOTHO, NOKUDALEKA KOMBUSAZWE
OHLULULAYO NOHAMBISANA NOKWESABISANA. IMPILO
YABASEMADOLOBHENI NEMPILO YASEMAKHAYA IYE NGOKUYA IBA

NGUMZABALAZO OQONDENE NOMUNTU NGAMUNYE NGENKATHI SANDA

ISIBALO SOMPHAKATHI OMNYAMA OKHWELWE NGUBUPHOFU.

LEMIBANDELA ENGAKHIYO IBUYE TDLULISELWE YIMISALELA YOMOYA
WOKUVUKELWA KOMBUSO YESIKHATHI ESEDLULE. I-ANC EVELA
EKUDINGISWENI ISAZITHATHA NJENGOMBUTHO WENKULULEKO
KAZWELONKE, INOMBUTHO WAYO WEZEMPI , UMKHONTO WESIZWE.
NGOKUSEBENZISANA NEZINYE IZAKHIWO ZEZIDLAMLILLO OKUTHIWA
ZITHATHA INDAWO YEZAKHIWO EZIKHONA, ZISEBENZA
NGOKULINGANISANA NEZAKHIWO EZISEMTHETHWENI EZIPHETHEYO,

FUTHI ZIYAQHUBEKA NOKWANDA NOKUQINA NGENDLELA ELIMAZA

UKUPHEPHA NENHLALAKAHLE YOMPHAKATHI.

KAKUDINGEKI UKUBA NGINIKHUMBUZE NGOKUKHULA
NGESIGUBHUKANE KWEZINGA LOKUBULAWA KWABANTU NESIHLUKU
EZINDAWENI ZETHU ZASEMAKHAYA NEZASEMADOLOBHENI. LOKHU
KULANDELA IQHINGA LE-ANC LOKUBUTHA AMALUNGU NGOKUNGENA

EZINDAWENI ZAKWAZULU.

I-ANC ILWA NGAKHO KONKE OKUSEMANDLENI AYO ILWELA
UKUZILONDOLOZA NOKWEMUKELEKA KWEZOMBUSAZWE. BENZA
UMZAMO OMKHULU WOKUKHIPHELA ELAKWAZULU NESIZWE
SAKWAZULU NGAPHANDLE KWETHUBA LOKUBUSWA KWALELIZWE

NGOMUSO. NGISHO NAKWA-CODESA , ISILO SAMABANDLA NEZITHUNYWA

7 (b)

ZIKAHULUMENI WAKWAZULU BAPHENDUKA IZINTO ZOKUHLASELWA
NGENDLELA ENGENASITHUNZI YI-ANC NAMAQOQO EZOMBUSAZWE
ABAMBISENE NAYO. NGISHO NEZINHLELO ZOMSAKAZO
NAMAPHEPHANDABA AFANA NEâ\200\231-â\200\231THE NATAL WITNESSâ\200\231 KANYE NO-
'Mâ\200\231AFRIKAâ\200\231 , ABAKHULUMELI BE-ANC BASAQHUBEKA NOKUNUKUBEZA.
UMHOLI WABO UMNU. MANDELA USAQHUBEKA NOKUQHUBA
NOMKHANKASO WOKUNGINUKUBEZA NOKUNGIHLAMBALAZA MINA
KANYE NEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO. KUYANGIDABUKISA UKUBA
UMUNTU EBENGINOBUDLELWANE OBUHLE NGALENDLELA NAYE
AMASHUMI I EMINYAKA EDLULE ANGAVUMELA UKWEHLELA

KULAMAZINGA ASEHLELE KUWO NGOBA NJE LOKHU EKUBONA

NJENGENTUBA YOKUFINYELELA EKUHLWITHENI AMANDLA OKUBUSA.

IZEHLO ZAKU-CODESA ZAWUVEZA OBALA UMZAMO WOKUNYUNDELA
AMANDLA NESISEKELO SEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO KANYE
NOHULUMENI WAKWAZULU. I-ANC SEYENZE KONKE OKUSEMANDLENI
AYO UKUTHULISA IZWI LAKWAZULU NELESIZWE SAKWAZULU
NGOKUGCIZELELA UKUTHI ISILO KUFANELE SINCISHWE ITHUBA
LOKUHLANGANYELA KU-CODESA NGOKUPHELELEYO NAPHEZU
KWESIKHUNDLA SESILO ESINGENAKUPHIKISWA NJENGENHLOKO YESIZWE

SAKWAZULU. (

Y (b)

I-ANC IKHULUMA NGOKUTHULA NENTANDO YENINGI, KEPHA IZENZO ZABO ZIKHOMBA OKUNYE. AMANDLA ABO AMANINGI BAWAGXILISE EKUSUNGULWENI NASEKUQHUTSHWENI KOMBUTHO WABO WEZEMPI WANGASITHE, UMKHONTO WESIZWE, EZINDAWENI ZASEMAKHAYA. BAQOQA IZIKHALI ZOKUBULALA ABANTU BAKITHI NOKUPHOQA IMINDENI UKUBA ITHUTHE EZINDAWENI EYAZALELWA KUZO. NGISICHITHA NGOKUPHELELEYO LESISENZO FUTHI NGIZOQHUBEKA NOKUCINDEZELA UKUBA LOMBUTHO UHLAKAZWE NGOKUSHESHA. UKUQHUBEKA NOKUBUTHWA KWAMABUTHO AMASHA OMKHONTO WESIZWE

NOKUVIVISWA KWALAMABUTHO UKUBA AQHUBE UMSEBENZI WEZEMPI

KUYINGOZI ENKULU ELENGELA UKUTHULA. UKUDALWA KOMOYA
WEZEMPI EMPHAKATHINI ESIMENI SOBUTHA NEZIMPIKISWANO
KUZOBANEMIPHUMELA EYINHLEKELELE ENKULU OHLELWENI

LOKUTHULA.

ISIMO SEZINXUSHUNXUSHU ESIKHONA NJENGAMANIJE EZINGXENYENI
EZITHILE ZENINGIZIMU NE-AFRIKA ZINGUMPHUMELA WEMIKHANKASO
YE-ANC YESIKHATHI ESIDLUL% YOKWENZA IZWE LINGABUSEKI -
OKUNGUMKHANKASO OWACHUMA NGENDLALA EDLULA KONKE
OKWAKULINDELEKILE KULOLOBHUKU LOBUBHA NOKUNTULA
OKUNGA KOMPHEKATHI WETHU - OKUTYIZINKINGA EZISUKELA

EMINYAKENI YOKUCINDEZELWA NOKUSETSHENZISA NGAPHANSI

= KOMBUSO WOBANDLULULO LWEZINHLANGA. THINA SISUKA EZWENI

★

LAPHO UBANDLULO SELUDALE KHONA UQHEKEKO, LWACEKELA
IMIPHAKATHI PHANSI LWAHLAKAZA NAKHO KONKE OKUYIZIMPAWU
ZEMPILO YOMNDENI EFANELEKILEYO. UBANDLULULO LONKE
SELWEHLISE ABANTU ISITHUNZI LWAHOLELA NASEMOYENI
â\200\234WOKUNTULEKA KOKUNYAMEZELELANA KWEZOMBUSAZWE

‰

* â\200\234NASEKUNTULEKENI KOKUHLONIPHA ISINTU, OKUYIKHONA OSEKUBE

L

NOMPHUMELA WESIKO LOKUNTULEKA KOKUNYAMEZELELANA.

IMIPHAKATHI EMININGI EZINDAWENI ZETHU ZASEMAKHAYA INTULA

NGISHO NAMALUNGISELELO EZINGA ELIPHANSI KUNAWOWONKE AFANA

NEZINDLU ZOKUHLAMBELA, AMANZI, UGESI NEMIGWAQO. KUKHONA
UKUNTULEKA OKWESABEKAYO KWAMALUNGISELELO, UMHLABATHI

NAMALUNGISELELO EZEMPILO - OKUYIZINTO EZEDLULISELA ISIMO

-

v SOKUNGCOLA NOBUNZIMA ININGI LABANTU BAKITHI ABAPHOQELEKA

â\200\230UKUBA BAKUNYAMEZELELE. LOKHU KUNTULEKA KWAMALUNGISELELO
ENHLALO YOMPHAKATHI NEZOMNOTHO KUDALA UKUNGENELISWA
NOKUZIPHATHA NGOMOYA WOKUVUKELA UMBUSO, IKAKHULUKAZI

NJENGOBA INGEKHO IMIGUDU YOKUDLILISELA LEMIZWA

o YOKUCINDEZELEKA. KAKUYONA INTO ENZIMA UKUQONDA UKUTHI

-

" KWENZEKA KANJANI UKUBA LEZIZINDAWO ZIBE YIZINDAWO

EZIPHAMBILI EZIQOKWA YI-ANC UKUBA IZIHLEASELE NGEZENZO

ZOKUVUKELA UMBUSO NOMGOMO WAYO WOKUDALA ISIMO

/O ()

* " ESINTENGANTENGAYO.

INDLUZULA ESEZWENI LAKITHI INOMPHUMELA WOKUCEKELA PHANSI
IZINDLALA ZETHU ZOKUZIPHILISA KANYE NEKUSASA LEZINGANE ZETHU.
ININGI LENU KANINAMAKHAYA, SENINGABANTU ABABHACELE
INDLUZULA EDABULE IZIMPILO ZENU PHAKATHI. NINA,

: NJENGEZINKUBELE ZENDLUZULA YEZOMBUSAZWE UKUCHITHEKA
KWEGAZI NIYAPHOQELEKA MANIJE UKUBA NIZAME UKUDALA ISIMO
ESIHLELEKILEYO EZIMPILWENI ZENU NOKUBA NIQHUBEKELE
EKUVUSELELENI IMPILO EJWAYELEKILEYO ESIMENI SOKUDLAVUZWA

NGUMZABALAZO NGUMSEBENZI ONZIMA KAKHULU LO.

NGIYAZI UKUTHI INDLELA ENGIQONDA NGAYO INDLUZULA
KAYIBONAKALI INGEKHUTHAZA KAKHULU, KEPHA LESI YISO ISIMO
ESIBHEKENE NASO NJENGOBA SINJALO. SIDINGA UKUBA SISIBONE
NJENGOBA SINJALO ISIMO UKUZE SIKWAZI UKUQHUBEKELA PHAMBILI.
NXA SIFUNA UKUBA ISIMO SIGUQUKE. KUZODINGEKA UKUBA SIME
NDAWONYE SIHLANGANISE AMANDLA ETHU UKUZE SINQOBE IMIMOYA
YOKUKHOHLAKALA ESIKHOKHOBE YANGENA EZIMPILWENI ZETHU
NGESINYELELA. KAYIKHO INDLELA ELULA EYA ESIMENI SOKUZWANA
NOKUNETHEZEKA, KEPHA KUFANELE SIYIPHAKAMISE INKOLELO YETHU
OKUGUKWENI LOKUTHULA NASEKUBONISANENI UKUZE KUSIZAKALE

IZINGANE ZETHU NOKUBA KUSIZAKALE IZIZUKULWANE EZIZAYO.

Il th)

" KUNESIDINGO ESIKHULU SOKUZIHLONIPHA NOKUZIPHATHA NGENTANDO

YENINGI EMBUSAZWENI WASENINGIZIMU NE-AFRIKA. KAKUKHO LUTHO
OLUYOZUZWA NGOKUGQOLOZELANA NGEZIQU ZAMEHLO

NGENDLUZULA NOBUTHA.

NGIYAZI UKUTHI LAMAZWI AZWAKALA ENGASHO LUTHO KUBANTU
ABANGENAYO IMISEBENZI NJENGOBA ININGI LENU NIHLEZI EMAKHAYA
NJE. SIYAFUNDA NGEZIFO EZAZIBULALA IZINDIMBANE ZABANTU
EBHAYIBHELENI. STYAFUNDA NGOKUHLUPHEKA ABANTU BAKWA-ISRAEL
ABADLULA KUBO EMINYAKENI ENGAMASHUMI AMANE BESEHLANE.

NATHI SINAZO IZIFO ZETHU ZESIMANIJE. SINASO ISIMO SOKWEHLA

KWAMANDLA OMNOTHO KULELIZWE. SINAYO INDLUZULA FUTHI
SINESOMISO ESESABEAKAYO ESICHAZWA NJENGESIBI KUNAZOZONKE
ESEKE ZABAKHONA KULELIKHULU LEMINYAKA. KAYIKHO IMISEBENZI

+ =~ NGISHO NEYALEYONTSHA YETHU ESANDA KUPHUMELELA ECUHLOLWENI

. o

Â« KWEBANGA LIKAMATIKULETSHENI. ISAZOYA NGOKUNCIPHA IMISEBENZI

EZOBAXHONA NGALONYAKA KUNALEYO EBIKHONA NGONYAKA ODLULE.

NGEKE LIBEKHONA IKHAMBHI ELINGUMASHESHISA KULELIZWE . NGEKE
" . FUTHI KUBEKHONA UKUVUSELELEKA OKUSHESHAYO NGEMUVA

* Â» NGOKUDLAVUSWA KWASO YUBANDLULULO.

L

SIDINGA UKUSUNGULA ININGIZIMU ENTSHA NGOKUVUMELANA

/2 (b

v

L

13

KWEMIQONDO EMPHAKATHINI OVULEKILEYO WENTANDO YENINGI.
SIDINGA UKUHLANGANISA SIHLONIPHE IZIMPAWU ZOBUNTU ZABOBONKE

ABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA - SICABANGELE UVALO LWABO,

UKWENQENA NEZIDINGO ZABO ZANSUKU ZONKE - UKUZE KUBE

NESIQINISEKO SOKUTHI ININGIZIMU NE-AFRIKA YESIKHATHI
ESIYOLANDELA UBANDLULULO IZOKUNQOBA UKULINYAZWA
KWAMALUNGelo KWESIKHATHI ESEDLULA KANYE NONYA LWESIKHATHI
SAMANIJE. IKHONA INDAWO YABOBONKE ABANTU ENINGIZIMU NE-

AFRIKA YANGOMUSO YENTANDO YENINGI

NGIZOKWENZA KONKE OKUSEMANDLENI AMI UKUQINISEKA UKUTHI

ABANTU BAKITHI ABANTULAYO NABANGENAMAKHAYA BAYANIKEZWA
INDAWO YOKUKHOSELA KULESISIFUNDA. UHULUMENI WAKWAZULU

UWAQONDA NGOKUPHELELEYO AMALUNGELO OMPHAKATHI. SESAKHE

+ = UHLAKA LWESAKHIWO SOKUVIKELA AMALUNGELO ABANYE ABANTU
- v
Â« NOKUGXILISA WONKE AMALUNGELO ESINTU AYISISEKELO KANYE

NAWOWOKE AMALUNGELO AYINGXENYE YEZINDO NEZILOKOTHO
ZESINTU EZIYISISEKOLO EZIZODALEKA ZIHAMBISANA NEZIGUQUKO
NOKUKHULA KOMPHAKATHI. UMPHAKATHI WAKITHI KUFANELE
: ~ UBAKHOSELISE LABO ABANTULA IZINDAWO ZOKUKHOSELA NGENXA
4 : YOKUNGQUBUZANA KWEZOMBUSAZWE. UHULUMENI WAKWAZULU
] UZINIKELE EKUNILEKELELENI OSIZINI LOMZABALAZO WENU.

KUFANELELE KWEZIWE IMINIKELO, KUQINISWE NEMIZAMO

R (b

)

* %)

14

YOKUQINISEKA UKUTHI NIYABUYELA EMAKHAYA NOKUTHI

KUYABUYISELWA FUTHI UKUTHULA EMIPHAKATHINI YAKITHI.

ISAKHIWO SAKWAZULU NENATALI SIYAZEMUKELA IZIBOPHO ZOMBUSO
ZOKUQINISEKA NGOKUPHEPOHA NGAPHAKATHI ENDAWENI ENGAPHANSI
KOMBUSO UKUKHUTHAZA UKUTHUTHUKISA KWENHLALO
YOMPHAKATHI, UKUQINISEKA NGOSIZO LWEZEMPILO , IMFUNDO
NEZENHLAKAHLE KUZOZONKE IZAKHAMIZI. ABANTU ABABHACELE
INDLUZULA YEZOMBUSAZWE KUFANELE BANIKEZWE UKUVIKELEKA
EMIKHAKHENI YEZIDLAMLILLO NECEKELA PHANSI EZAMA UKUBUSA

IZIMPILO ZETHU. THINA ESIKWAZULU NENATALI SIZINIKELE

a > Y

NGOKUPHELELEYO EKWENZENI NGCONO IZINGA LEMPILO YABOBONKE
ABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA, FUTHI SESAKHE UHLAKA
LWESAKHIWO ESENELISA AMALUNGelo ABANTU UKUBA BAQHUBE
UKUTHOKOZA KWABO UMUNTU NGAMUNYE NANJENGAMALUNGU
EZINHLELO ZEMIPHAKATHI YABO. UKUZE KUFENZEKE LOKHU, SIKHOLWA
YIKUTHI KUYANYANZELEKA UKUBA IZENZO NEMIGOMO KAHULUMENI
WANGOMUSO WASENINGIZIMU NE-AFRIKA ALWELE UKUFEZA
UBULUNGISWA ENHLALWENI YOMPHAKATHI NGOKULANDELA IMIGOMO

YESAKHIWO SENTANDO YENINGI.

NGIFISA UKUPHETHA NGOKUZWAKALISA UKUDABUKA KWAMI

OKUJULILEYO KULABO ABAYIZINKUBELE ZENDLUZULA PHAKATHI

] &p (Ã©j

b

s

. (, '

a Â¥

15

KWETHU. KEPHA KUFANELE SIHLANGANE SAKHE UMPHAKATHI
ONGENAKHO UKUQONELWA KWEZOMBUSAZWE NOKWESATSHISWA,
UMPHAKATHI ONGENAKHO UKUNGQUBUZANA NONGENAYO INZONDO.
ISAKHIWO SAKWAZULU NENATALI SESIVELE SIPHAKATHI NOKHALO
EMZAMENI WOKUFEZA LENJONGO NGOBA SICABA INDLELA YOKUBA
LUBEKHONA LOLUHLOBO LOMPHAKATHI. SESAKHE UHLAKA
LWESAKHIWO ESIZOSUSA IZITHIYO ZENHLALO YOMPHAKATHI
NEZOMNOTHO OKUYIZITHIYO EZISEBENZA UKUVIMBA INKULULEKO
NOKULINGANA KWAZOZONKE IZAKHAMIZI ZAKITHI EZINCIPHISA
NENTUBA YABO ELINGANAYO YOKUFINYELELA EMATHUBENI

EZOMBUSAZWE, EZOMNOTHO NENHLALO YOMPHAKATHI. NGAMANDLA

ETHU AHLANGENEYO NOBUNYE BETHU SINGAPHUMELELA
UKUSEBENZELA LENJONGO YENTANDO YININGI. KEPHA NOMA KUNIJALO,
LOMCIMBI WANAMHLANIJE UHLELELWE UKUBA SIKWAZI UKUBA NANI

NOKUBA SIDLE SJABULE KANYE NANI. LOMCIMBI UHLELELWE

UKUNINIKEZA ISIQINISEKO NJENGOBA SENIZWILE EMazingeni

EHLUKENEYO UKUBA KANINODWA NOKUTHI SINANI FUTHI SIYOBA NANI

NOMA NGABE KUNZIMA KANJANI.